



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2015

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini A, NEMIBILI esiqeshini B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo ngamunye ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokubhala indaba. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa, angahlangani nendaba.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansela ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

QAPHELA: Indaba kuphela edinga amalungiselelo.

- 1.1 Akulahlwa Mbeleko Ngakufelwa. [50]
- 1.2 Ngingum-Afrika. [50]
- 1.3 Ubuhle Nobubi Bokutsheleka Imali Komashonisa. [50]
- 1.4 Izikhungo Zemfundo Yamakhono (FET Colleges) Zibambe Iqhaza Elibalulekile Ekuthuthukiseni Umnotho Wakuleli. [50]
- 1.5 Ukugqokwa Kwamabhulukwe Ngabantu Besifazane Akuhambisani Nesiko Lesintu. [50]
- Vumelana noma uphikisane nalesi sihloko. [50]
- 1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 nelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sithathwe ku-www.google_pics.com]

[50]

1.6.2



[Sithathwe Sawubona, Septemba 2014]

[50]

1.6.3



[Sithathwe Sawubona, Septemba 2014]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

- Khetha izihloko EZIMBILI kulezi ezilandelayo.
- Bhala ngezihloko ozikhethile kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 esihlokweni ngasinye.
- Qaphela lokhu okulandelayo:
 - Izethameli, irejista, ithoni kanye nesitayela.
 - Ukukhethwa kwamagama kanye nezimiso zokusetshenziswa kolimi.
 - Isakhiwo sombhalo.
- Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile. Isib. 2.2 Umlando Kamufi.

2.1 INCWADI YOMSEBENZI

IKhansela langakini lihlele umcimbi wokujabulisa abantu abadala.

Bhala **incwadi** eya kuMphathisiteshi samaphoyisa ucele amaphoyisa ukuba abe yingxenye yalo mcimbi. [25]

2.2 UMLANDO KAMUFI

Nehlelwe ifu elimnyama ngokudlulelwa emhlabeni uzakwenu ebenisebenza naye. Ucelwe umndeni wakhe ukuba uwulekelele ekubhaleni umlando wakhe.

Bhala **umlando kamufi**. [25]

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

UnguNobhala wenhlangano yentsha iSizibambela Mathupha. Benihlangene ehholo lomphakathi nidingida ngezindlela zokuqeda izidleke ezicasha izigebengu.

Bhala **i-ajenda kanye namaminithi** alo mhlango. [25]

2.4 I-ATHIKHILI LEPHAPHABHUKU

Usuwenze imisebenzi eminingi usiza ezindaweni ezehlukene ngaphandle kwenkokhelo. Ucelwe uMhleli wephaphabhuku, *Ezinoju*, ukuba ubhale i-athikhili.

Bhala **i-athikhili yephaphabhuku** ugqugquzele abanye abantu ukuba bakwenze nabo lokhu. [25]

2.5 INCWADI YOBUNGANE

Umngane wakho uphelelwe umsebenzi kade esanda kwakha isiqhimoqhimu somuzi ngemali ayiboleke ebhange.

Bhala **incwadi** eya kumngane wakho uzwelane naye uphinde umnike ithemba lokuthi akulahlwa mbeleko ngakufelwa. **[25]**

2.6 INKULUMO ELUNGISELELWE

UMhlengikazi wasesibhedlela saseThembisa osebenza naye usekhushulelwe esikhundleni esiphezulu kwesinye seziFundazwe. UMqondisi ukucelile ukuba ulungise inkulumo ozoyethula emcimbini wokumvalelisa.

Bhala **inkulumo elungiselelwe**. **[25]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100